Ilanga lase Natal, 18 April 1919.

NEWSPAPER: *Ilanga lase Natal*
DATE: 18 April 1919

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: amaBhusumane

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

CONTENTS:
The capturing of Cetshwayo after the Anglo-Zulu of 1879 and his exile to Capetown. Cetshwayo joins Chief Langalibalele of amaHlubi who was already exiled there. The article provides details of the beginning of events that had led to Langalibalele being exiled. It ends when amaHlubi start buying guns and are required to register them, but are reluctant claiming that when they take their guns for registration, the authorities damage them.

# Ukuhlasela kwabelungu KwaZulu ngo 1879

### UKUQALA KOKUHLUPEKA

Kute uba bayicite ci eyakwaZulu abelungu, kwase kuba ukweqa kwenkosi njalo, yatabata izinceku ezingengaki nomdhlunkulu otile, yesuka yabanga enyakato nalo elakwaZulu. Yangena ehlanzeni, amabutho ayiti tika kancane abuyela emuva, yahamba nabantu abayingcosana yaqonda kwelikaMnyamana kaNgqengelele undunankulu wezwe lakwaZulu. Yahamba yaya yafinyelela eNgome, entabeni eyihlati elikulu. Yafika seku izinsuku ihambe ingenisa ilala endhleleni ngoba kukude ukusuka emaHlabatini kuya eNgome. Yafike yangenisa komunye umzana olapo pakati kwehlati, yahlala kona. Po-ke abelungu babehambe betungata umkondo wokuhamba kwayo, baze bagcina ngokwahluleka ukuba ihambe yenzenjani. Babefika kwabanye abatile kuti noma beyibuzisisa kubo bayilandule, bengatandi ukuveza inkosi yakubo eziteni. Kwaze kwati ngesikati esitile nabo sebahlulekile, kwaya uMnyamana kubo abelungu eya kuyikulekela okuhle kubo noma isanyamalele, bafike bayibuzisisa kuye, waza wagcina ngokuyitsho lapo ikona, wabuye watumela usolo futi enkosini lokuti mayingetuki ngoba useyivezile. Po-ke ehlatini lapo umzana usezansi pansi nokalo kuyehliwa uma kuyiwa kona. Abelungu sebepelezelwa ngumuntu otile, behla baze bayifumana lapo ihlezi kona inkosi. Yabe ihlezi noMkosana kaZangqwana wakwaZungu, induna, nezinceku ezitile kanye nomdhlunkulu. Bafika bayitata-ke lapo kanye nalabo eyaihlezi nabo, bayiyisa emzini wayo omkulu Ondini. Lapo-ke kwasekufika indun'enkulu yabelungu uSir Garnet Wolseley (owagcina ngokuba nguLord Wolseley). Uzwani-ke? Kwabutwa uZulu njalo lapo. Kwat'uba abutane uZulu, inkosi yashiya wonke umdhlunkulu kuZibhebhu kaMapita kaSojisa [kaSojiyisa] wakwa Zulu eyabe imetemba nempahla yonke yayo, kanye nomntanayo uDinuzulu, ukuba uZibhebhu aze ayibonisele ekanye noNdabuko (owelama yona inkosi endhlini kwabo.) Wakuluma-ke uSir Garnet etshela uZulu wati "Nimbona nje niyamgcina, anisayikupinde nimbone futi." Yahamba-ke inkosi noMkosana nezinceku ezitile nomdhlunkulu (owabe ukunye nonina kaManzolwandle, engakazalwa) Bayitata abelungu baya kungena nayo elwandhle baya bayifikisa eCapetown lapo yafike yahlala kona yanikwa izindhlu ezakuhlala kuzo ezinye zanikwa uMkosana kaZangqwana,

nezinceku nomdhlunkulu. Po-ke ifika lapo njalo uyise kade afika, uLangalibalele kaMtimkulu inkosi yamaHlubi, owaboshwa ngeze kwatiwa ub'ehlasela elwa nabelungu evukela umbuso ehlubuka. Inkosi ayifunelwanga umuzi wayo kude nokayise, babehlezi nje bakelene eduze. Ofundayo kuhle ati efunda abe eqonda ukuti asiyikulahlwa sibulawe singenzanga luto olubi; kafunde amazwi esihlabelelo sikaDavid (XXIII.1-6). "Uyahwe uyangalusa; angiyikuswela luto olubi." Kwakute ngapambi kwokuhlasela kwabelungu ngonyaka 1872, emveni kwokugoduka kwenkosi enkulu yakwaZulu uMpande kaSenzangakona uZulu wabiza uHulumeni ukuba ayobeka inkosana yake uCetshwayo ebukosini buka yise bokupata uZulu. UHulumeni wathuma uSomsewu kaSonzica oyena'nduna enkulu yokupata abantu pansi kukaHulumeni. Wahamba-ke uSomtsewu kaSonzica wayokumisa uCetywayo, watata indhlanzana lamabutho amhlope lampelezela, kanye nabantu abatile bezinduna zake. Nembala wafika wambeka uCetywayo esikundleni sika yise njengokufisa kukaZulu. Ute ebuya ngo 1873 abelungu base bexabene noLangalibalele kaMtimkulu inkosi yamaHlubi, ngenxa yokuba kutiwa abantu bake banqaba ukuyisa izibhamu ukuba ziyobhalwa enkantolo emTshezi (Escourt) abasuke bebuya nazo bezitenge eDiamond lapo babesebenza kona. Abafana basemaHlutshini babevama ukutenga izibhamu ngenxa yokuba babe bake pansi kwoNdi, lapo kwakuvame ukuba amaBhusumane ehle ayokweba izinkomo zabantu. Okwakute ukufika kwake uLangalibalele esapuma kwelakwaZulu, kungati ngo 1848 wafike wabekwa kona ngumbuso wasesiLungwini ukuba abe amehlo nendhlela kaHulumeni yokuqaphela labo bafokazana abapanga impahla yabantu. AmaHlubi asinikwa-ke isibhamu lesi ukuba sibe umkonto wokuxotsha bona abafo labo. Kwati-ke uba [kuuqamuke?] iDiamond, amanye amadodana kaSomtseu acela enkosini yamaHlubi ukuba atate abafana abatandayo ayekumba nabo idayimana. Bati-ke labo bafana basemaHlutshini abasebenzayo bavama ukutenga sona isibhamu ngemali abayitola lapo. Bafike qede emakaya kutiwe abaziyise enkantolo emTshezi kuNdabinesilevu (Mr. Macfarlane), inkosi eyabe ipete emTshezi ngaleyo nkati. Kwahamba kwahamba kunjalo amaHlubi aze akala, ati izibhamu zawo zifike zapulwe enkantolo kwenzelwe ukuba zingabe zisashaya kahle.

Isaqutshwa.